*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*Umshado wenhlanzi nenkukhu*
Illustrated by Siyasanga Madyibi
Written by Madoda Ndlakuse
Designed by Vuyisa Ngqawani
Edited by Linda Nelani
Translated by Nal'ibali
with the help of the Book Dash participants in Grahamstown on 12 November 2016.

ISBN: 978-1-928377-94-8

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

# Umshado wenhlanzi nenkukhu



Siyasanga Madyibi    Madoda Ndlakuse    Vuyisa Ngqawani

Kwakukhona inkukhu okuthiwa uCikizwa eyayiyintandane.

Ngolunye usuku uCikizwa wayephumile eyobheka ukudla ngesikhathi ebona imvukuzane iphuma emgodini wayo. Waqala wakhuluma nemvukuzane, kodwa yona ayaze yamnaka.



Kwakuphuma izinyembezi zehla ebusweni bukaCikizwa
ngenkathi ekhala kabuhlungu, ngakho imvukuzane
yaxolisa kakhulu ngokuphatha kabi imizwa yakhe.



Emva kwalokho yabe isithenga iziphuzo
namakhekhe. Badla base bephuza bendawonye,
base bezizwa bejabujabule.



Ukusuka ngalelo langa imvukuzane noCikizwa baba ngabangani abakhulu. Abangani imvamisa bayawolana babambane kube yiziswambithi. Babezwana futhi benakekelana.



Ngokunye ukuhlwa, uCikizwa wavalelisa kumngani wakhe wayesehamba eya ekhaya.

Ngalobo busuku uCikizwa waphupha. Wezwa izwi likanina libuza, “UCikizwa uzoshada nini?” “Hhayi, kungenzeka ukuthi bengiphupha,” kusho uCikizwa ngenkathi evuka.



Manje-ke endaweni okwakuhlala khona uCikizwa, kwakukhona indlovu enonya.



UNdlovu lo wayevamise ukusho izinto ezingemnandi kuCikizwa ngenhloso yokuzama ukumenza angathokozi. Ngelinye ilanga ekuseni ngenkathi uCikizwa ebingelela uNdlovu, wamane wamziba nje, wayesethi, “Ha, ha, ha! Suka lapha, le ntandane le! Ufunani lapha kimi? Waze wonda bo. Sengathi awuwutholanga ummbila owanele ongawudla!” Yaba buhlungu inhliziyo kaCikizwa.



Esendleleni ebuyela ekhaya, wahlangana noMvu, uBhoqo. Wanele wayibona imvu ezilungeleyo, wakhiphela inhliziyo yakhe yonke kuyo. Wayitshela imvu nokushiwo yindlovu kuye. UMvu wayiduduza inkukhu futhi wakwazi nokuyenza imoyizele kancane.



Emva kwalokho uMvu wamema uCikizwa ukuthi azodla isidlo sakusihlwa emzini wakhe. Badla isitampu esimnandi esiphekwe nobhontshisi njengesidlo sakusihlwa. Ngemuva kwalokho uCikizwa wadansa ngentokozo nomndeni wakwaMvu ngesikhathi sekudlala umculo. Wadansa kakhulu ngendlela yokuthi kwaphuquka izintuli waze wakhohlwa nayizo zonke izinkinga!



Ngosuku olulandelayo izulu layishaya imvula. Lana kakhulu ngendlela yokuthi iningi lezilwane lakhukhulwa wumfula oseduze. UCikizwa yena wayephephile esidlekeni sakhe ngoba uyise wayehlakaniphile, wakha umsele eduze kwaso ngakho asizange sikhukhuleke.



Kodwa uCikizwa wayelokhu ephatheke kabi ngokwenzekile kwabanye abangani bakhe.

Kwathi uma imvula inqamuka, kwavela izimbali ezinye, ezinemibala egqamile futhi kwakukhona umoyana opholile. UCikizwa waphumela ngaphandle wathokozela ukukhanya kwelanga ngenkathi ebona uNdlovu eqhuga futhi ekhala empongoloza. UCikizwa olungileyo wabiza i-ambulensi ngokushesha.



Lapho i-ambulensi ifika, uNdlovu wathola usizo aludingayo. Umlenze wakhe waboshwa ngebhandishi wase uyajovwa ukusiza ukudambisa izinhlungu. Ngenkathi uNdlovu eqala ukuzizwa esengcono, wabonga uCikizwa ngomusa wakhe.

Wayesethi, “Cikizwa, mntanami, ungaguquki kulokhu oyikho. Hlala uhlonipha futhi uthanda wonke umuntu.”





Ngemuva kwesikhathi esithile, uCikizwa wehla waqonda emfuleni wayozithokozisa khona. Kwase kuvele kukhona abantu abambalwa kanye nezilwane lapho. Abanye babedoba, bese bosa izinhlanzi abazibambile. Badla izinhlanzi kanye namakhekhe amnandi asanda kubhakwa.

UCikizwa waqaphela inhlanzi enhle futhi wathola ukuthi igama layo kwakunguGumbi.



Gumbi noCikizwa baqala ukwazana, kanti ngokushesha babe sebengabangani. UCikizwa waze wanquma ngisho nokuthi ayeke ukudla inhlanzi ngoba ehlonipha uGumbi.

Ezinye izilwane zabahleka zase zithi, “Kungenzeka kanjani ukuthi inhlanzi nenkukhu kube ngabangani?”

Kodwa uGumbi noCikizwa abazange babe nandaba. Babe sebesondelana kakhulu. UGumbi wafundisa uCikizwa ukubhukuda nokuziphonsa emanzini, kanti uCikizwa wafundisa uGumbi ukuqhwanda emhlabathini ukuthola ukudla.

Ekugcineni uGumbi wacela uCikizwa ukuthi amshade. UCikizwa wavumela phezulu. Bendawonye banquma ukuthi bazoba nomshado wabo ngoMgqibelo olandelayo endaweni abayithanda bobabili neseduze komfula.



Lwaze lwafika usuku lomshado. Ilanga lalishisa kabi. Kwakungeve kuwumshado oyisimangaliso!

Iqembu lomculo lezilwane lacula kahle. Oxamu, imikhomo, izingwenya, izimvu zamanzi, oshaka, amadolfini, izinkomo, izinja, izinyamazane, onogwaja, izingungumbane, izinyoka zamanzi kanye nezinye izilwane zacula ndawonye:

"Kumnandi lapha emshadweni wenhlanzi.
Kumnandi lapha emshadweni wenkukhu!"



